PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

BEKA UVO LWAKHO

UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUHLWITHWA KWEMPAHLA KUBANIKAZI NGUHULUMENI [B 23B –2020]

ISIMEMO SEZETHULO ZOMPHAKATHI

IKomidi LoMkhandlu KaZwelonke WeziFundazwe elibhekele EzokuThutha, AbaSebenzi BakaHulumeni, ImiSebenzi YoMphakathi kanye NeNgqalasizinda limema abanentshisekelo nalabo ababambe iqhaza ukuthi bathumele izethulo ezibhalwe phansi mayelana **noMthethosivivinywa Wokuhlwithwa KweMpahla Kubanikazi Nguhulumeni [B 23B – 2020]**.

Lo Mthethosivivinywa ufuna ukuhlinzekela ukuhlwithwa kwempahla ezosetshenziselwa umphakathi noma ngenjongo yokwanelisa izintshisekelo zomphakathi; ukulawula inqubo yokuhlwithwa kwempahla ezosetshenziselwa umphakathi noma ngenjongo yokwanelisa izintshisekelo zomphakathi, kubalwa ukukhokhwa kwesinxephezelo; ukuhlwaya izimo ezithile lapho izimiso zokungakhokhelwa kwesinxephezelo kungaba ubulungiswa futhi kulingane nokuhlwithwa kwempahla ezosetshenziselwa umphakathi; ukusula uMthetho Wokuhlwithwa KweMpahla Kubanikazi Nguhulumeni, we-1975 (uMthetho uNo. 63 we-1975); kanye nokuhlinzekela izindaba ezihlobene nalokho osekushiwo.

Abantu abanentshisekelo kanye nalabo ababambe iqhaza bayacelwa ukuthi bathumele imibono ebhalwe phansi ngefomu lezethulo elitholakala ku-intanethi kule linki elandelayo: **https://forms.gle/PTNQaCjRyEzVcvVa8**

Imibuzo, ingathunyelwa eKomidini LoMkhandlu KaZwelonke WeziFundazwe elibhekele EzokuThutha, AbaSebenzi BakaHulumeni, ImiSebenzi YoMphakathi kanye NeNgqalasizinda, iqondiswe kuNobhala WeKomidi, uMnu Hlupheka Mtileni, kuleli kheli le-imeyili: **expropriationcomments@parliament.gov.za**

Usuku lokuvalwa kokwamukelwa kwezethulo ezibhalwe phansi uMsombuluko mhlazi-6 kuNdasa, wezi-2023.

Amakhophi alo Mthethosivivinywa angacelwa ngocingo kuMnu Mtileni kule nombolo yeselula: 0837098448 noma angatholakala nge-intanethi ngewebhusayithi yePhalamende ethi: **(www.parliament.gov.za)**.

Sikhishwe nguMnu MK Mmoiemang, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi LoMkhandlu KaZwelonke WeziFundazwe elibhekele EzokuThutha, AbaSebenzi BakaHulumeni, ImiSebenzi YoMphakathi kanye NeNgqalasizinda